

(H6) s780

1b

K13
A13/3/21

F. Vilakazi

1. Umathwane

Njengo6a sengishilo, AmaSwazi aqala ngokuntula indawo, yiko okwenza ahlukana kaningi.

uMathwane wemuka waye wakha emthonjeni woTukela. Wayeyi-
nkosi yamaNgwane. Wa6anodumo alukhulu impela ngaleyo nkathi.
Na6antu 6akhe 6abaningi ngangoZulu ephelile. Loku kwenza
uTshaka inkosi yamaZulu, yanovala ngaye uMathwane. Naye
uMathwane wazinqo6a izizwe ayakhelene nazo njengama Zizi.

uTshaka wayihlomisa impi yakhe uku6a iyokulwa namaNgwane.
Impi yamaZulu yahlomela kwaDukuza. Wayesemulindele noMathwane
neyakhe impi. Kwathi kungezwakala ukuthi uzulu uyeza, yaphuma
neyaMangwane yayihlanga6eza enzansi noTukela.

2. uMathwane wakhipha izinhlozi ukuya kwaZulu. uNogaju Gule,
uVelaphi Kunene no Gabuza Mathe. Yi6ola6a okwezwakala nga6o.
Kwathi ngelinye ilanga izinhlozi zangena emizini wakwa Dukuza
kwazulu. Zazihlala emahlathini nase Mgedeni. Nezinkomo
zizidlela lapho eMaweni. Ukungenakwazo kwa6ase6usuku mhla inkosi
i6uthe uzulu. izokhuluma yona inda6a yokuhlasela uMathwane.
Kwathi umasezimudi6i kanye noZulu zalinga ukwenza zonke iziga,
zakwazulu.

uVelaphi Kunene, uthi kwathi ngelinye ilanga 6ethi 6akho-
kho6ela kona emuzini wenkosi, wathi eseseduze nothango esebacengale
kwezwakalainja iqu6ula. Kwase kuphuma izinsizwa ezimbili.

3. Zathi, "saa! saa!" yasondela xinja eduzane. Kwalapho nezinsizwa
zimile. Wajiyela ukuthi wenzanjani manjena. Kodwainja yesa6a
ukweqa uthango. Wavuka ngoku6ona izinsizwa, wathatha
ngelikhulu, nezinsizwa zalapha. Nenja yalapha. Kwazisa ukuthi
kwakunehlahi kude6uduze nomuzi. Inja yona ya6anayeqo. Kuthena
uku6ona ukuthi isimuluma impela. Wayishaya wayiwisa ngewisa.
Izinsizwa zalibala iyona. Azicamanganga ukuthi inhlozi, zathi
isela. Njengo6a nenkomo yenkosi uLovu, uTshaka ayeyithanda x
kakhulu kunezinye yafumaniswa isidliwe kwatholakala amathambo
ayonjena. Lapho uTshaka akuphume impi izingele yonke imizi

nasezinta6eni umuntu owadla uLovu.

4. Kuthena uku6a zi6one ukuthiinja isifile, yenqa6a enye uku6a 6aphikekele phambili yathi, "Asiphinde emva." Kuthena umasezihamba ziya emuva, walandela noVelaphi Kunene. Kuthena umasezingena ekhaya, zayethula inda6a yokuthiinja i6ulawe isela. Kuthena a6anye se6ethi, akuphunywe inqina, akwe6e kusa6alungela ngo6a nenkosi yayijahile ukuhlasela uMathiwane. Kuthena 6esendlini kwezwakala inkomo ibonga esi6ayeni. Akwanaka muntu 6acamanga ukuthi zilwagodwa. Kuthe kusa kwafumaniswa inkomo ifile, isikwe izitho inga6onaze ihlinzwe.

Ngalesisenzo uTshaka wathi uNdlela ku6e uyena ohlasela uMathiwane. uMnyameni wathi kuhle asale, akhiphe inqina ukubulala amasela.

5. Naku6akhulumanjena uNogaju Gule uphakathi kwa6o 6eno Gabuza. Kuthena uGabuza wa6onakala ekwezela ezikho, kanti kulapha eseziveza, 6amu6ulala, 6am6ona ngokukwezela ukuthi uyinhloli. uNogaju waphumelela ngokunyomuka khona kusa6ulawa u uGabuza. Kuthena 6asa6uzana 6odwa ukuthi uphilona omunye, phinde akasa6onwa ukuthi ushonephi. 6a6a6ona ngokuthandana kwa6o.

Kuthiwa impi ka Tshaka yaphuma nga6o lo6o 6usuku. 6emuka ngamandla ukuyo6ika. Ne6ala 6asheshe 6a6ika ekhaya kuMathiwane. Wase uyayiphaka eyakhe uMathiwane. Kuthe uma isiphuma, wayichela ngentelezi yempi uMafa Dlamini inyanga enkulu yempi. Kwathi uZazaza Maziya ibongi w wezwakala.

6. "Mangwane, Mangwane, kungange nda6a!
Uthuli nqo! Iziquzemithi zabeka phezulu,
Ngonyama, emnyama engena
6a! Mfo, mfo, Ogawula,
Mfo, mfo Ogawula,
U6oze ungi6ike ku6a6a!
Ndlela zimazombe ziyesa6eka,
Ngwane kungangenda6a."

Kwazamazama amawa, kwaveva izinde6e zomulomo, kwashunqa umusi

emlonyeni wezinduna Omazwane Mathe. Kwabonakala ilanga6i emlonyeni wenkosi, lapho isikhomba ikhipha impi. Yathi, "Ngwane, Ngwane ningabuyi nodwa". Njengo6a inkosi yayakhe emthonjeni woTukela kwelase Natal, impi yewusa lona uTukela. Kwazisa ukuthi neyakwaZulu izakancane. Yaze yahlanganela lapha sekuse Weneen manjena.

7. Kuthena sekusa kwezwakala ukukhonya kwenkomazi. Lena k kwakuyintelezi ka Mafa. Inkomazi yayinqindwa izimpondo 6ese inidwa ngensizi. Kuthi kungahwalala yehlukaniswe nenkonyane yayo. Kothi ngokuthatha kokusasa idedelwe iyokwanyisa. Kuthi ingabonza kuvuke wonke umuntu. Lenkomazi yayiqutshwa phambili kuzwakala ngayo njalo ukuthi nango uMathiwane nempi yakhe. Umalenkomo ikhonyile ngaku6ona izithunzi zenye impi ehlanga6ezana neka-Mathiwane 6ese eyi6ongela uZazaza Maziya, iphande phansi ilingise inkuzi, kwakwaziwa ukuthi uzonqo6a uNgwane. Uma isimze yathula njena, yala ukuyaphambili, kwaku6ika ukuthi uNgwane uzakwehlulwa. Lenkomo yayi ngagwaza ngo6a wayigwaza, usu6a uhlanya.

8. Yezwakala kwashisa phansi uma kuthatha ukusa isifuna ukwanyisa. Kuthena nalapho impi yakwa Zulu e6onakala phezulu enta6eni uMhlumba 6ayiqhu6a 6ebeke khona, zafika nezinhloli za6ika ukuthi kuhle induna iphake impi manjena ngo6a seyisondelene.

Yaphuma induna enkulu yempi uNdabandaba, waya6a impi ngeziga6azayo njengo6a inkosi ishilo kuyena ukuthi, i6ambe yonke kanye kanye inga6ukelelani. Kuthi ukuqeda kwakhe yezwakala inkomazi ikhonya, kwaku6i ngamehlo. Ithena iqeda waphuma uZazaza wezwakala:-

Undlondlo emnyama eyesa6eka,
Uvulindlela kwasha izizi6a
Kwasha usuthu, kwashe ikomazi,
Kweye kwasha igwa.
Unodlula 6emubekile,
6akhexa imilomo, Ngwane.

9. Kuthe esabongela kwafumaniseka ukuthi uZulu usesondele, wanqamulela engakaqedi ukubongela. Wayikhipha ngamaoutho ayo uNdaabandaaba impi yenkosi njengokusho kwayo inkosi. Wakhipha uMahlupheyane ophondweni lokunene. Ibutho lenkosi elaziwayo lezinsizwa. Wakhipha uVemvane kwosokhohlwa, ibutho lamabungu. Kwathi isifuba kwaaba Dudu amakhehla eyiwona aye amaqhawe, nethemba lenkosi. Kuthiwa yahlangana libantu bahle, liyoshona. Lempi eyezinye izimpi ezinkulu. Kwathi uma isiyohlangana, inkomazi nenkonyane layo ayabe isabonakala ukuthi ishone ngaphi. Kwathi kanti uzulu u**beyibonile** yaphelela obala. Kwasuka izintuli zabekaphezulu, kwamnyama ngoaba lalinamafu, laduma kwenjeya.
10. Kwathi loku ihlanganele ehlanzeni yaye yaphonsana ogwini lomfula, owawu buqamana lapho insuze. Umfudlana omncane.

Kwathi ngakwesokhohlwa yagoba eyaMangwane. Kwathi uDudu wemukanayo eyakwazulu. Impi yakwazulu yanqamuka kabili. Kwafumaniseka ukuthi laselishonile. Yalahlekelana eyakwa Zulu. Kwaaba ukubaleka kwayolena yakwaZulu. Kwathi kanti neyaMangwane ilahlekelene yabuye yatholana. Kuthena eyakwazulu ebusuku yasho iziga yathi:-

"Ji-i-i, ji-i-i me-e-e"

"Yeshi izinyamazane, yeshi

Ukhozi ludla abantu

Qoqani amazinyane

Ukhozi luvukile

Me-e-e"

11. Kwathi labo, ababedukile bezwa ukuthi abakuho laba asho isiga sokuzingela izinyamazane. Watholana uzulu. Kwathi ngoaba kusebusuku uzulu elambile, wahomba, walindela ukuaba lisefuthi, ngoaba nezulu lana kwagwala imifula. Naye uNdaabandaaba walindela ukuaba izulu libalele kusefuthi. Kwathi ukuthatha kokusa. Wayiphaka futhi uNdaabandaaba. Manjena uDudu oyena wathatha uphondo lovemvane, lona lwaabuyaphakathi. Kwathi ngalesekhathi yahlanganela khona eMhlumba entabeni phansi nayo. Yathi ukuhlangana uZulu wakhumuka wemuka wewusa uTukela. Wamuxosha

/uNgwane.....

780

- uNgwane. Kwathi izibukweni lapho, sekuse Tugela Ferry namhla wawela uzulu. Kwazisa ukuthi umfula ugwele. baphumelela
12. ukuwela abaningi, kodwa abanye bemuka nomfula. Abanye bemukiswa ukudinwa.

Uthena angabona uNgwane ukuthi umfula ugwele. Aka be asaqubeka waphinda emuva. Kwathi uku be awele uzulu wahlala phansi waphumula.

Kuthena ukufika kuka Ndlela ekhaya, yamusola ka bi impela ngokwehlulwa amangwane. Phoke, akamu bulalanga uNdlela, uTshaka ngoba emazi ukuthi uyiqhawe impela ziningi izimpi ezilwa enqoba. Wayesebiza uZulu ukuhlasela okwesibili. Ngaloku wakhipha yonke impiyakhe uTshaka. Kwasala ibutho elaligade ekhaya kuphela. Manjena wayinika umnyamane indunakulu yempi yakwaZulu.

13. Umyamane, kwakuyisilomo kwaZulu. Yahamba yaye yacishe yafika emuzini wenkosi ingabonwa muntu. Kwathi inqina izingela yabona ifu elikhulu liza likhankasile impela. Akekho owatshena omunye. Kuthena uku be bamtshene uMathiwane ngalenda ba wathumela ku Ndabandaba. Nebala uNdabandaba wathumela izigijimi wonke uNgwane. Wa buthana wagwala uNgwane ngalobo busuku. Kwafumaniseka abaka Masikane Mlotha induna yenkosi, eyayisondini phezulu ayaphumelela ukufika ngalobo busuku. Lenduna yayinesizwe esikhulu impela. Kuthe noma isiphuma impi, wa be engakafiki uMasikane. Waze wafika emini, uyena owabalekisa inkosi, ngoku bona impi
14. isinyathela amasimba abantwane. Impi yama Ngwane ayiphumanga kahle ngoba, inyanga enkulu yempi yayigula, uMafa. Kanti nayo inkosi yayigula. baningi impiyakwa Zulu eyabafumanisa begula kakhulu kuma butho. Yafika ngesekhathi somkhuhlane. Yathi noma impi ihlangana enzansi nomuzi wenkosi owawungase mpumalanga, akwaphathela nakancane. Kwathi inkosi yemuka yaya emuzini wayo eku Tuleni phezulu ondini. Kwathi ngakusasa isikhishwa uMasikane ngoba uNdabandaba wasala kulena eyabambanela ngenzansi komuzi wenkosi omkhulu e Phunga. Wayikhipha maqedane, wayichela ngentelizi ayinikwa uMafa kanti kulapha esefa. Kwathi kusasa lalinenkungu. Lapho u uZulu waphela useqedwa uMasikane nesifunda

s780

15. sakhe, nabanye abasala impini yase Phunga. Kwathi uzulu eseziqedile izinkomo zaMangwane wahlala phansi wathathisa futhi. Kwathi kuloku kwesithathu wemuka nayo uzulu. Wemuka uMasikane ebalikisa inkosi wazithela kubeSuthu. Kwathi ngokufuna ukuyibulale inkosi, yaguye yeqa uBusuku yaya kwaZulu. Wayesefile uTshaka. Kuthiwa, athi ukubona eMangwane ukuthi abeSuthu bayabalandela balinga ukulwa nabo. Kwakugasenakusiza. Kulaphe afela khona uMasikane. Yathi inkosi isifika kwaZulu yase iharba yodwa. uDingane wayinika indawo yokwakha. Kuthena emvakwesikhathi ngokuqamba amanga kwaZulu. Waguye wayobulala ethi eyamunyonyo-bela.

16. 2 uMathwane nabeSuthu.

Njengoba uMathwane wehlulwa uTshaka wabaleka emthonjeni woTukela. Ibuthe asala nalo empini yakwaZulu leba namandla lalwa nabeSuthu. AbeSuthu bamzonda ngoba waye vanile uku**ahlupha** osabusa engaku hlulwa uzulu. Uthona uma esebalekela uzulu waqonda kubeSuthu.

Balwa naye abeSuthu, waguye waphindela emuva eduze nawo unthombo woTukela enina lena wabeSuthu. Laphoke walwa nabo abeSuthu wabehlula. Kodwa yena wayesegulu induna yakhe eyaba namandla. Kwathi abeSuthu ngokubona amandla amaNgwane athumela omunye wabo owaye ezwana nanaNgwane.

17. Njengoba wabona udumo lwawo, kanti futhi usemanceleni eduze namangwane.

Kwathi induna yamcela ukuba elaphe yona inkosi. Nebala uMthi Lolefe waye lapha inkosi yalulama. Inkosi yamithembisa izinkomo eziningi ameshumi amabili. Kuthena ukuba isinde kahle yase imenza induna yayo inkosi uMthi. Kwalangalinye uMthi wacela inkosi ukuba ibahlasele abeSuthu. Wathi yena unayo intelezi enkulu, eyenza izitha ziphelelwe amandla amazibona impi ayichelile. Nebala uNgwane wavuma. Wayibonisa ukuthi futhi inkosi izothola izinkomo eziningi uma ebehlulile abeSuthu.

Kwathi ukuba abeSuthu bakuzwe loku bathukuthela. Yahloma
18. eyabeSuthu yaqonda kuyena impela uNgwane. Kuthi ethuka uNgwane

s780

yase ilapha eyabeSuthu. Nayo yaphuma eyamaNgwane ya**ambana**.

Yebo wayeyichelile uMthi naye eyamaNgwane. Kwathi isiphakathi ilwa impela, wemika uMthi wawashiya amaNgwane. Kuthena ukuba abone amangwane ukuthi ayaphela, ukubaleka kwawo.

Kulempi inkosi nayo yayikhona izilwela. Kuthiwa yayingaso phondweni lobunene yona. Ngalapho baphela abeSuthu, lazelwagoba uphondo lwasokunene ngakubeSuthu. Ukuba ayeqinile wonke AmaNgwane ngabe abeSuthu behlulwa. Kuthena noma amaNgwane esebaleka yasala inkosi nehlanzana ilwa. Athi ngokubuona loku

19. aMangweni. Aphindela, lapha amaNgwane aphela impela. Ngoba kwathi ukuba inkosi ibune isiphelelwa amandla, yakhumuka kodwa isibulele isizwe. Abaningi kuMangwane basala lapho.

uMthi wayengaqondile ukwelapha inkosi, wayezoyicuya inkosi. Nentelezilena kwakuwo kuthambisa uNgwane ngoba abeSuthu basebehlulwa. Namasuka Mthi kwakungawo kuyenga yona inkosi, ukuba ingabuni nebala amasu abeSuthu aphumelela wehlulwa uNgwane.

Yase iyemuka inkosi yabeka kwelase Colony lapho yayisize impela amabutho asephelile, yahlangana nabaThembu eyibuona buenza yahlala kabuhlungu kwelase Colony. Kwezwakala ukuthi uTshaka

20. akasekho. Kodwa abantu bayo bathi makuphindelwe kwazulu kuyocelwa indawo, kukhonzwe. Inkosi uMathiwane akaqalanga wavuma. Wathumela kubu abeSuthu ukucela indawo yokukhonza bayivumela inkosi. Kuthena ihlezi kwezwakala ukuthi abe Suthu bafuna ukuyibulala. Kodwa abanye bao abavumanga ukuba ibulawe. Yibuona abathi kuhle ibaleke yemuke kuleli ngoba iningi labeSuthu bafuna ukuba ibulawe nenkosi yabu. Yaphuma inkosi yamaNgwane nebala yemuka yaya kwazulu. Kuthena ukuba inkosi yabeSuthu izwe loku yathumela impi ukuyoyibulala. Kwathi ingawela uTukela lugcwele, abeSuthu bayiyeka. Yahamba yaye yafika kwaZulu yakhonza kuDingane.

21. 3 Ukubulawa kuka Mathiwane

Kuthena ukuba uDingana bamfake umlomo ukuthi uMathiwane ukhokhobuela inkosi ufuna ubukhosibuakhe. Kusho izinduna, ngoba zimesaba uMathiwane. Wayenamazwi, ehlakaniphile inkosi, uDingana etharda, yathi inkosi makabulawe. Akwaziwa noma wayezombulala

s780

ngempela yini uDingana. uDingana wathumela uMehlokemamba ukuyobiza uMathiwane emuzini wakhe. Uthe uma efika wamazisa ukuthi inkosi iqonde ukumubulala, uyamuhlebela. uMathiwane akaze avuma ukuya wabika ukuthi uyagula. Kuthe ebusuku, wemuka wabaleka wabeka kwelase Hloboane esifundeni sabakwa Mthethwa.

22. Lathi lapho selebantwana bahle libomvu phezu kwezintaba abafana sebebuyisa izimpahla zoyise ngasekhaya, sekuthunqa intuthu emakhaya, kwafika umuntu oshonelwe ilanga esehambe isonto lonke elambile impela, wakhuleka kulowo muzi. Kwavela inkosikazi yakhona yambingelela, yathi:-

"Saubona. Pho, ngabe kuphunywaphi?"

"Awu nkosikazi, ngiphuma kwa Dukuza, sengihlwelwe, selishonile sengikhule kela isikhundla sokulala. Ngivuke ngiqubeke, sengifile nayindlala".

"Muntu wenkosi silala ngamanzi sivuke ngamanzi futhi. Futhi umnumzane akhekho waya konkosi. Indawo yona ubungeyinule, ikhona Pho angikwazi ukukunika."

23. Wendlula uMathiwane, uhamba usebanga phambili ngendlela yakhe. Kuthe sekuhlwala, ukuaba amehle angabe esayibona into ekude, wakhuleka komunye umuzi. Zangenazashesha izingane endlini ziyobika ukuthi kukhona umuntu ophandle, okhulekayo. Lezingane zazidlala phandle zona ngoaba kwakuwumkhuba wezingane kuqala ukudlala phandle.

Waphuma uMandla Duma wambingelela. Zamulunguza izingane emnyango. Wambuza uhambo lwakhe. Lapha wazifihla uMathiwane, wazisho elinye igama nesibongo. Wathi uWunsikana uphumakwa Dukuza wathi uqonde ku baPhendi. Lapho uMandla wambuza ukuthi akusiyena yini uMathiwane. Waphika kwafumaniseka ukuthi uMandla

24. uyamusola. Wamunika indlu, yokulala walala nebala. Kuthena ekuseni wavuka, esethi uyahamba wamalola uMandla, "Musa ukuhamba kuhle uthole ukudla kuqala ngoaba indlela yakho yindo mfowethu."

Wamuziwa uMathiwane wenza sengathithi uyalala, kanti usephuma. Kuthe ekuaba aphume akahamba ibanga elide waqonda emuva

/lapha.....

s780

lapha evela khona, ephambanisa umkhondo. Uthena ebona sekuthidwe waona izinsizwa ezintathu zigijima, ziqonde ngendlela azoyihamba. Phela waona kahle uMathiwane ngo6a x wayecashe phezulu entabeni. Lamadoda ayegudla iqele. Kuthena ukwendlula kwawo wacasha impela elindele ukuhamba ebusuku.

25. Kuthena kunjalo, waona impi enkulu ifuna entabeni. Wajiyela ukuthi ushonaphi manje. Waqunga isibindi walala ezihoshene eqeleni. Kuthe impi ifuna ihamba nayo iphikelele phambili, wethuka ehlangana namehlo ka Nogweleje. Kwafuna aniseka ukuthi uyamazi. Wamucinela amehlo ethi akalale. Nebala walala. Wayeselindele ukugadla yena uMathiwane. Walandula uNogweleje, wathi akukho luthongapho ngifunisisile impela. Yemuka impi ayamuthola. Ukudela kwayo, yase iphinda emuva. Kuthena ebusuku wavuka uMathiwane wemuka. Kuthena ukuthatha kokusa wahlangana nezinsizwa ezintathu sezibuya uthena ethuka wayekwelaphezu kwazo.
26. Walwa nazo. Kwazisa ukuthi uMathiwane wayeyisilomo, elwa ngempela. Kuthena uku6a zim6one zamusukela. Wa6aleka zadinwa lezi ezimbili yaphumela phambili lena enye eyayi zenza iqhawe. Wathi uku6a efike encome umfula kwazisa ukuthi ugwele. Waziphonsa uMathiwane, yama insizwa yalinda ezinye. Amuthatha amanzi waye waphuma enzansi nawo. Zathi uku6ona umfula, yala eyodwa ukuwela. Zangena ezimbili, kwathi enye yalezi ezimbili yemuka nomfula. Yasala eyodwa, yathi ingakaweli, uMathiwane wahlanga6eza ngomkhonto, yafela khona emanzini. Kanti uMathiwane aka6oni, nansi enye impi. Okokuqala waona izinyawo eziningi, akaqonda u6a ezani lezizinyawo. Kuthena esewela eyo6ulala lena
27. esele insizwa, ya6aleka impela yewusa yona income. Akamange esayifumanisa uMathiwane yemuka unompelo. Kwathi izinhloli ezakhishwa inkosi zam6ona uMathiwane ewusa umfula. Kuthe ethi uya6aleka zafika izinsizwa ezinhlanu. Akamenge esalwa uMathiwane walahla phansi izikhali wathi salani seningiphumuza. Nazo izinsizwa zam6amba zahamba naye zam6a ku Dingana. Okwenza anga6e esalwa waye savuvuka izandla nezinyawo sezavuvuka. Kwakuwu muntu ogulayo. Zathi uma zifika naye kuDingana waja6ula

s780

kakhulu. Wathi kuhle kutshenwe izinhlozi ezazilinde emazibukweni yemifula zibuye. UDingana wamsola ngokubaleka, ngo6a wayengafuni ukumubulala.

28. Wayefuna ukuzwa iqiniso, ngendaba ayizwayo ukuthi unyonyobela umubuso wakwazulu. Uthi noma ethi uyaphika uMathiwane akwabekusalunga. Uzulu wonke wacindezela ukuba abulawe ngenxeyezinsizwa ezimbili ezafa zimlandile uMathiwane. Kuthiwa inkosi yama 6opha ngentambo entanyeni waze wafa uMathiwane.

Amazwi ka Dingana okuvalelisa uMathiwane yilana. "Ngiyadabuka ukubulala induna, enjengawe. Uku6a akungenxa yakho yokubaleka nga6e ngiyawusindisa umpefumulo wakho. Uku6a futhi awuzange ubulale abantu 6ami. Angina ndaba ukulwa kwakho nomfowethu, lapho nawe wakhombisa ukhosi 6akho. Abantwana 6akho ngiyaku6a gcina uma ngisekhona. Indawo lena engakunika

29. yona ngiyiqamba igama lokuthi kuka Mathiwane. "Yifa namhlanjena namazwi akho. Zulu, ningamubulali ka6i, nimubulale ngomkhonto, mubulaleni ngentambo nimuklanye aze afe." Kwakwesatshwa ukuthi uma ebulawa ngomkhonto, isizwe sakwaZulu singafa ngomkhonto ngo6a kwenzeka ngesinye isikhathi abesuthu abagwaza uMathiwane abonaze 6aphile 6afa 6onke. Wayenentelezi embi eyayiqunda imikhonto. Ukhumbula ngempi yase Mhlumba uDingana ngo6a yaliwa yi6ona leyo. Umkhonto wawugwaza kanye unga6e usaphumelela ukuphinda wephike. Lokufakaza izizwe eziningi ukuthi, waye nayo intelezi enjalo uMathiwane.

30. 4 uMathiwane emzini wakhe

Ngesikhathi uMathiwane eso Tukela emthonjeni walo, wayenomuzi owesabekayo. Umuzi wawuzungezwe ngothango. Unezintu6a ezimbili kuphela. Kulomuzi inkosi yayithethela khona amacala.

Kwathi ngelinye ilanga kwafika amadoda ama6ili ephuma kwa Zulu. Inye yawo yayinamanxe6a emathangeni woma6ili. Enye lalili6i lisemuhlane. Kwazisa ukuthi inxe6a loku6aleka. Yaba6uza inkosi ukuthi 6aphumaphi, 6ayilandisa inkosi ukuthi 6asinde empini ka Tshaka. Ngenhlanhla. Musukwana ehlasela kwa Ndwandwe. 6ayilandisa ukuthi abaningi 6afike nemizi ya6o ishisiwe.

s780

31. Ngokuzwa loku uMathiwane wathi kuhle induna yakhe i**aphe** ukudla. Nebala undabandaba wabapha ukudla wathi, ubagcine ubasize emanxebeni. Kuthi bangabangcono ubalethe kumina. Nebala induna yabathatha bayalonda. Kwathi omunye wabo washesha walulama omunye wephuza ukwelulama. Kuthena uku**ba** basinde yabayisa enkosini. Inkosi yayihlezi nomkhandlu wayo esibayeni kuthethwa amacala oKhambi owabaleka empini, yabeSuthu washiya uVelaphi yedwa. Kuthena uku**ba** ibone lamadoda kanti yayithukuthele kuloku kusile igqungqile iyimbi kanti umuntu omhle oqobolwayo.
32. Kuthiwa yamoyizela, yayeka ukuthetha amacala yathi uma uKhambi engaphinda lomuhlola ayinakumuthethelela. Yathi kusasa kuhle afike kuyona. Uzophuma impi ayokudla izinkomo kwelabeSuthu. Wabonga uKhambi. Phela uku**ba** akungenanga lawo lamadoda ama**ibili** ngabewabula uKhambi.
- Yathi awasondezwe lamadoda, yabuza inkosi ukuthi kwenzenjani. "Nkosi, kuthena kusa yayisilibulele izwe impi ka Tshaka. Phoke nathi ngokusinda sabalekela kuwena nkosi." Impi ka Tshaka ifike ebusuku kungazi muntu. Thina besisinde empini yasilandela sangazi nokuthi ~~u~~ iyaselandela. Isizwe sakithi siphelile yithina
33. kuphela abanye bathathwe uyena uTshaka, sabaleka thina. Lamadoda kwaku wu Faku, noMbozongo. uFaku wayeyindoda eligagu ekukhulumeni, nasekwelweni i**ukaka** ifanele uku**bayiqhawe**. Inkosi yabuza ukuthi nisinde kanjani empini. Wayilanda indaba uFaku. Wathi, "Kuthena lapho sesibona ukuthi impi yimbi sebephelile abakithi, Salwela ukufela laphosonke. Kuthe kuphondo lasokunxele sayidudula eyakwa Zulu sisobabili. Lapho salalasi izinsizwa kwawutshani." Kuthiwa, washo uFaku waphenduka, aka**be** asazi ukuthi ukuphi waphenduka olunye uhlobo. Waze wakhomba ukuthi **gaziwisa** kanjani izinsizwa zakwa Zulu. Inkosi kuthiwa yahleka. Kwezwe kala esembongela uMbozongo, wathi:-

34. uMziqomela, njengesilwane.
UNqamula abantu amaqambi.
uGebuza Ndwandwe.
Usehla ngendawana yakhe,
uMgwazi, lana Ndwandwe

/Lana.....

s780

Lana Lana, imvula ebuhlungu,
 Aphela amadoda.
 Untaka iduke nomhlambi,
 Ngo6a iduke nezakwa Zulu,
 Unompanda mthombo wezisele.
 Umthamo kayidinwa ukudla,
 Untamo kayidinwa yiziqu.

Kuthena uku6a 6athule, yasukuma inkosi yathi, kulungile induna ayi6agcine isazo6a 6onela indawo. Kuthena yaphaka impi enkulu inkosi iyokudla izinkomo ku6eSuthu. Yaphuma nayo ngale yomini, naye uNda6anda6a owaye basobe impi yenkosi. Ne6ala wayiphaka uNda6anda6a.

35. uFaku wam6eka ophondweni lakunene. Kuthi yathi uku6a ihlangane wahla6ana kwawucacaphansi uFaku. Yathokoza inkosi yamunika esifunda esikhulu sase Ndukwana ya6anika nezinkomo ukuthatha a6afazi 6o6a6ili. uFaku waye ngomunye wamaqhawe ka Mathiwane asala impini yakwaZulu mhlazane uMathiwane ehlulwa u Tshaka. Ngempi yase Mhlumba wayesekhona uFaku. Wathola lezi izi6ongo kwaNgwane uFaku:-

Dudumela Ndlela laduma,
 Nyoka emahwalahwala,
 Ndlela zi6omvu,
 Ngiyazesaba Ngwane.
 Amanqe 6athi adlani,
 Cakide izinyoka zalukile.
 Ndlela zinzonzo, ziyakhanya.
 uGebuza Ngwane!

36. 5 uDingana noSobuza.

Kwathi esefile uMathiwane uNgwane owasala kwazulu, wethuka njalo ngoku6ulawa kuka Mathiwane. Kwathi uku6a uNonda6ula Dumakude awele a6aleke kwazulu, noNgwane walandela. uNgwane wabeka o6onjeni wakhumbula uSobuza owaye e6usa wona amaNgwane eSwazini. uNonda6ula yena waqonda ngaphesheya ko Tukela ngase Greytown eMuden.

s780

Okwenza izizwe eziningi zimubalekele uDingana, yingoba waye nolaka. Wayebusa ngegazi kanti futhi engahlakani phile njengo Tshaka. Uthena ukuzwa ukuthi k uGudu Dlamini ukuSobuza wathumela ukuthi uyamufuna. Akazange avume uSobuza naye. Phela uMathiwane
37. noSobuza bayazalana. Wajabula ukubona uMuzukulu kayise, izingane zomfowabo uMathiwane.

Kuthena kuhleziwe ku- liwa ngoludala ukezo, uSobuza esethokoza kwafika esinye isithunywa sakwa Zulu sifuna uGudu. Akaze avuma uSobuza wayeselungisa impi ukulwa nozulu-ngonyaka ka 1817. Wayithumela impi yakhe uDingana. Kuthiwa yathi ingakaliwelu uSuthu wayizwa uNgwane. Naye walunga masishane. Kuthi impi yahlanganela eMakayiyane iqonde khona emzini wenkosi uSobuza kwaManzini eyakwa Zulu. Impi yama Zulu yayidonswa uNtshingwayo ka Mahole, enye kungu Nzobo. Wayikhipha umfoka Senzangakona ihamba imzila emi6ili. Omunye waqonda phezulu obonjeni omunye
38. waqonda eMakayiyane. uNtshingwayo wadonsa eya emuzini wenkosi kwa Manzini eBremersdorp. uNzobo wadonsa impi eyaphezulu obonjeni. Lena eyayiya obonjeni yayilandela umzila ka Gudu.

Nayeke uSobuza waye senesizwe esikhulu, kwathi kusa-busa yena uTshaka waphuthuma wathatha zonke izizwe ezincane wazi-butha ngaphansikwake. Nokulwa waye sekwazi uSobuza ukulwa njengo Tshaka. Kwathi uGule owabaleka kwazulu wayifundisa inkosi nama-butho ayo ukulwa kwakwa Zulu nomkonto wakwa Zulu, ba-funda ukuwenza. Futhi inkosi uTshaka yayimuthanda uSobuza ngoba wayiganisela amantombazane ama-bili. Ayi-bonaze yona ihlasela kwaNgwane yaze yafa.

39. Nayoke yayikhipha umzila ama-bili okuhlanga-beza eyakwa Zulu. Impi ngaso obonjeni yayiholwa ngu Vuvu Nka-binde. Impi yase Makayiyane idonswa uNondlula Dlamini. Kwathi impi yasobonjeni wayifaka emugedeni uZulu. Izinkomo kwakukudala zifakwe emgedeni zona. Kuthiwa yathi ukuhlangana, kwafumaniseka ukuthi uzulu unamdla futhi, kuyimpi encane impi enkulu yayo kulwa emakayiyane. Kwathi noma uZulu efuna emugedeni akafumanisa lutho.nendlala ya-baningi. Kwa-ba ukuphindela kwayo emuva impi yamaZulu.

/Impi.....

Impi yase Makayiyane yalwa impela kakhulu, kwathi kanti uZulu ubeyidebesela, ubona sengathithi uzothatha kanye phinde akaphumelela.

40. Kulena uzulu wehlulwa, kwa uNtshingwayo akayibambisa kanye kanye. Kwathi uDududu lwabamba muvalona. uNgwane wabamba kanye kanye yena. Uthena noma esebambisa uDududu kwase sekusemva kwendaaba.

Lempi yabambana kanjena, kwathi ukuaba abone uDududu, ukuthi uNokhenke uyabaleka, akaaba asalindela ukuaba induna iyikhiphe kabusha, kwafumaniseka ukuthi noNgwane ukhankasile uyeza impela. Yadumelana noDududu, kuthena noNgwane esebona ukuthi zimbi, wezwakhala uNogaga Kunene ethi umasekunjena, uzulu akana kushiya lutho, ayisengango Ngwane. Wakhuza uNondlula wathi akashongo njalo owenkosi. Makuabanjwe sifelekona siphela sonke. Kwathi

41. kulowomnyama, yakhumuka eyamaNgwane kwesokunene. Wezanayo uZulu. Kuthena uma eseyithela phezukuSuthu. Yakhumuka eyenkosi yabaleka. Kuthena kusasa inkosi yabona uKwadla Ndwandwe iqamuka neyakhe eyayinga phumelelanga ukufika masishane. Impi yabuye yaphuma kabusha. Uzulu wayeselu welile uSuthu, esebeke khona emzini wenkosi ikhankasile impela. Wayekhipha uNondlula. Lapho yadumelana, ngakusasa, yaphonsana ezinkwazini zomfula uSuthu. Lapho uzulu esehlangene wakhumuka wabaleka. Kuthena ukuaba abaleke uZulu. Yamisa khona lapho isalindele uzulu ukuthi uyaabuya futhi. Kwathi ukuaba kuzwakale ngezinhlozi ukuthi usemuke impela
42. uZulu yemuka yaphinda emakhaya.

Kwathi emva kwempi yakwazulu kwavela umbango omkhulu kuma-Ngwane odwana uKwadla, wafuna ukuzimela yedwa nesizwe sakwa Ndwandwe. Yacasulwa ukuaba inkosi ithi efika namautho, iwanike uNodlula kanti kwakuswelekele idedele yena nabantu bakhe amaNdwandwe. Kwazisa nabakwa Kunene kwelase Hlathi, kwaMahamba, baxabana nayo inkosi. Ngoaba uSigweje ayibonaze imunake inkosi, wathi ngokufika namautho athathwa uNodlula nawo. Kuthena ukuhlangana kwa Madwandwe nabakwa Kunene wabaleka uSobuza waqonda ezweni laba Suthu enkosini yaba Phedi eyafuna ukumubulala, ngoaba

s780

43. kwathi esandisa isizwe samaNgwane walwa nawo amaPhedi, kodwa amaNdlula. Nawo esa6a ukumhlasele uSobuza. Wa6uye waphindela ezweni lakhe uSobuza. Waxolisa kula6a a6a ka Sigweje namaNdwardwe. Okwenza 6axole kwezwakala ukuthi uDingana uloku esathukuthele efuna uGudu, ephindisa ukwehlulwa kwakhe uNgwane. Kuthena kulindelwe, waphazamiswa a6elungu uDingane a6afika kwazulu.

Kuthe uku6ona uDingana wacela a6elungu ukumusiza 6alande izinkomo zakhe eSwazini. Kwathi uku6a impi yakwaZulu yehlulwe eMakayiyane. AmaSwazi antshontsha izinkomo zakwaZulu. A6elungu

44. 6avuma ukuzilanda izinkomo zika Dingana.

Impi ya6elungu yayi holwa gu (Jana) John Cane. Kwathi eyakwazula yaholwa uNdlela ka Sompisi undunakulu yenkosi uDingana. Eya6elungu yahamba yodwa, neya6aninyama yahamba umzilawayo. Kwathi uku6a amaSwazi ayi6one awamange esaphumelela ukuzifaka emgedeni. Asimuze aziqoqela ndawonye enta6eni. Kwathi uma isifika impi yakwa Zulu AmaSwazi ayiginqela ngamatshe. Kwafa a6anye kwaZulu. Yafika muva eyamaBunu. Wathi ukufika uJana wamemeza wathi mawazekhiphe izinkomo zikaDingana. AmaSwazi awavumanga. Aqala amaBunu ukudu6ula afa amaSwazi amaningi.

45. Kwathi wona lawo, asele a6aleka amanye asala. Kwathi lana asele azinikela izinkomo. Azithatha amaBunu kwasala ezincane impela. Ahamba nazo amaBunu aye afika nazo eMgungundlovu emuzini wenkosi.

Kuthena kuwona lowo mnyaka wafa uSobuza. Kuthiwa wathi ukuzwa loku ukuthi izinkomo ziphelile na6antu 6akhe 6aphelile, noNdlula usalekhona wahlatshwa umkhuhlane, wawuyafa njalo uSobuza.

Indodana yakhe yayisencane uMswazi, yase i6anjelwa uMalambule. uMalambule waye nolaka efuna ukulwa njalo. Ngesikhathi esa6ambile ziningi izimpi ezaliwa noZulu. Kodwa lezi akuzona izimpi ezinkulu izimpi ezincane. AmaSwazi ayehlasela kwaZulu

46. efuna izinkomo. Kwathi uZulu uku6ona loku wahlasela njalo ethi ulanda izinkomo zakhe.

Wayese6eka uNyumba ka Mathenjwa uMalambule ukubeka umzi wakhe e6usuku ngokwesaba uZulu nawo amaNgwane uku6a angawuhlaseli

s780

umuzi wakhe. Phela amanye amaNgwane awayithandanga indlela yokuhlasela uZulu. Kodwa uMalambule wababulala abenqabayayo. Kwathi ngolunye usuku emzini ka Malambule eLangeni uNyumba egadile ebusuku wabonwa uDlomo Dlamini inyonyobela esigodlweni sika Malambule. Uthena ukumbona uDlomo waphinda emuva, kwasekuvuka abanye ababe kanye naye uDlomo. Izinsizwa ezintathu zamusukela uDlomo. Zithi ziyamubulala. Wasinda ngoaba kwakungaphakathi

47. kothango. Kwaaba ukubaleka kwakhe uDlomo, nalezo nsizwa. Bamuka bayebafika enkosini yamaMpepetha amaVilakazi uNdlamhlaaba. Kuthena ukuaba akuzwe loku uNdlamhlaaba waphaka impi ukuyobulala uMalambule ecelwe uDlomo wamuthembisa izinkomo. UNdlamhlaaba wayakhe phezulu Obonjeni ukuyakwa Zulu. Wabaleka waya kuSigweje inkosi yakwa Kunene. Yayakhe kwa Hlathi khona eSwazini. Kwaaba ukusinda kwakhe uMalambule. Wabuya uDlomo nezinsizwa lezo. Ubukhosi bakwa Ngwane base buthathwa indodana ka Sobuza uMswazi. Nayeke uMswazi wamhlasela uSigweje inkosi yakwa Kunene. Wasuka uMalambule
48. wabaleka kwa Hlathikhulu kwaabakwa Sigweje waqonda kumfundisiwe bandla lase Weseli Ummeli Allison, owakhe kwa Mahamba ngase Mkhondo. Lomfundisi wavunyelwa uMswazi inkosi ukwakhapho. Kuthena ukuaba ezweloku uMswazi wathumela enkosini yamakholwa, umfundisi uAllison ukuaba amunike uMalambule. Okwenza uMswazi alwe noMalambule yizinkomo zase ndlu nkulu azidla. Umfundisa akavumanga ukumdedela uMalambule. Wathukuthela uMswazi esemxosha umfundisi kanye nabo abakwa Kunene baka Sigweje.

Ukumuka kwaabo kwaHlathi babeka ngakwazulu lapho bafike bamisa khona emthonjeni weMfolozi emhlophe kwelase Vryheid.

49. Kwathi khona lapho eVryheid bemuka futhi. uMmeli wemuka yena esuka lapho wabeka eMgungundlovu lapho abonana khona no Potoloji u(Andries Pretorius) naboke abakwa Kunene balandela yena uMmeli baye bafika kwelase (Edendale) lapho kukhona isikole esikhulu sokufundela uGuthisha. Namamhlanjena kuseyi' mishini (Mission) yawo amaWeseli.

uSedumala uMswazi, ubona ukuthi isizwe sakhe sincane, usebuye esandisa futhi. Njengoba nabakwa Ndwandwe babefuna ukuhluhuka.

s780

Wayese funa uku**bulala** u**Kwadla**. Lona kwakuyi nkosi yama**Dwandwe** kodwa ngokwehlulwa yayingaphansi kuka **Ngwane**.

50. Kuthena ngelinye ilanga, inkosi yathumela kuyena uku**ba** afike komkhulu. Nebala wafika u**Kwadla**. Inkosi yayi wesaba ama-**Dwandwe** nokuthi ezinye izizwe zizohlangana nawo zilwe no**Ngwane**. Kodwa ayenamanga ngaye yahlala inovalo njalo ngaye u**Kwadla**. Kuthena uku**ba** afike u**Kwadla** yathi kuhle athunge utshwala athungele i**bandla** elalilapho. Nebala wakwenza loku u**Kwadla**, yenzanjena inkosi imucuphile ifuna uku**bona** ukuthi, kuyiqiniso ukuthi, ufuna u**bukhosi** bakwa **Dwandwe**. Kuthe ~~w~~ kunjalo, sebuthungiwe utshwala kwezwekhala u**Mkhaliphe** isikhulu sakwa **Ngwane** sibona amanyala ~~ukudla~~ ekudleni kwenkosi, kunjengo mhlapho wehlushi. Zazihlezi zonke
51. izinduna naye nenkosi ikhona futhi yethuka inkosi, "Hhawu mthini **Ngwane**?" "Umhlapho uvelaphi ekudleni kwami?" u**Kwadla**, waqala akanaka ngo**ba** engazilutho mpela, mpela. Ithena uma inkosi isibuzisiza kwayikhona ethukayo. Wajuluka wamanzi inkosi, isimu**bu**ka imugolozela nezinduna. Wazikhalela naye ezilandula.

"Qha, ma**Ngwane** nami kangiwazi lomhlolo, utshwala ngibuthunge angawubona, uku**ba** bengiwu bonile nga**be** ngilibikele i**bandla**, ngingabulale oku**Sobuza**".

- Izinduna lapho zithukuthele kakhulu impila, ezingazi lutho ukuthi loku yisu elenziwe inkosi naye u**Mkhaliphi**. Kuthena
52. ebuthunga u**Kwadla** kanti lona oyena ehambisa izinkamba uthunyiwe ukuthi abowisela umhlapho wehashi ku**bo** utshwala benkosi. Nebala u**Fahla inceku** yenkosi yawu yalisela. Inkosi libiza u**Mkhaliphi** ukuzophuza njengoba lelisu balenzenaye.

Inkosi yamubiza u**Kwedla** wasondela waguqa ngamadolo phambi kwayo inkosi, u**Mswazi** usethi, "Kwedla, 'uqalenini uku**ba** umthakathi na?"

- "Qha ngonyama kangiyena, nami kangiwazi lomhlola ongivelele." Yathi inkosi, "Kwadla uyazi ukuthi, wenzalomhlola njena, ulwenobaba futhina? wamushiyisa u**bukhosi** bakhe. Manjena usufuna uku**bulala** mina ngaliphi na? Konje uyangikhokhobela, ufuna
53. u**bukhosi** bakho. Uselandula u**Kwedla**, athi "nkosi angazi lutho

/impela.....

s780

impela." Kwathi kunjalo yathi aka bulawe uKwedla. Nebala wafa kunjalo.

Wathi angabulala uKwadla wahlala ngokwenama uMswazi. Wakha umuzi wakhe eMfinyeni ngasezintabeni zase Mdimba. Lapho kwabuye wathutha wayo kwakha ngase Komati. Uthena eselapha waqala ukuhlaselela ezinye izizwe. Kuthi ukuba abone ukuthi uNdlamhlathi usenodumo, akaze asamuthanda. Waye sethumela impi ukuyobulala. Uthena ukuzwa loku uNdlamhla6a Vilakazi, walungiselele naye impi. Kuthiwa kanti usezwile uNdlamhla6a. Ayafika impi yakwa Ngwane kwaze kwendlula iminyaka emi6ili elindele.

54. 6 Impi yasobonjeni ka Ndlamhla6a noMswazi

Kwathi engasalindele ngonyaka wesithathu, yafika impika Mswazi. Kwathi ukuyibona impi yamaNgwane uNdlamhla6a kwaqoqwa izinkomo zonke zakwezwa intaba uThithi esobonjeni. Izinkomo eziningi zafihlwa emgedeni. Kuthena uma ifike yalinga ukukwela eyakwa Ngwane. Kodwa amaVilakazi awaqinqela ngamatshe. Yehluleka impi yakwa Ngwane ukukwelaphezulu. Kuthena kunjalo yaze yapumelela ukubekana ngaphansi kwe ntaba ngoba aphumelela ukuthola izinkomo ezazifihlwe eMgedeni. Aphuma ama**but**ho kaNdlamhla6a elanda izinkomo. Lempi yayi holwa uGalaza Nyembe uthena uNgwane eseyibona. Lena yakwa Vilakazi yayiza umzila owodwa. Kwathi impika Mswazi yanqamuka kabili idedela eka Ndlamhla6a. Yadumelana kwa Mahamba kude budoze nase Piet Retief. Lena eyakwa Ngwane yayi holwa uMkhaliphe undunakhulu yempi yamaNgwane.

Yase iyabamba njala lapho ukuphuma kwelanga ngenyanga ka Ngcela. Kuthena ukushisa kwempi, selifundumele ilanga yahlehla ekha Ndlamhla6a, kwazisa ukuthi uMswazi wayesenesizwe esekhulu futhi, sinamasu okulwa. Lapha kulempi kwafa uGalaza. Kwathi ukufa kwakhe kwawu kubaleka kwe ka Ndlamhla6a.

Yayixosha eyakwa Ngwane yayithela khona obonjeni phezulu.

56. uNdlamhla6a usexola ecela uxolo enkosi yamaNgwane wazinikela kuyona, ukuba ngaphansikwayo. Kuthena kunjalo yathumela impi uku bulala yena uNdlamhla6a.

- Lempi yavimbezela ebusuku kungaziwa. Kwathi esemuzini wakhe eNtalani, engekho emuzini wakhe omkhulu eNgwazini. Oyena wabikela impi yenkosi uSiphawu owayeyinhloli yenkosi. Kuthena kusa yase izungeze umuzi wenkosi uNdlamhla. Kuthena kanti kukhona izinkungu wathi uyaphuma uNdlamhla wazithela kuyona. Yavuka yathi nquzu kuduma phansi. Waphuma okwesibili esephuma ehlo mile ephelele. Kuthilendoda yayi yiqhawe. Yathi ukuphuma bamqhelela uthena uma elapha waphenduka. Yamuthelekela impi,
57. yamugwaza yamubulala. Kuthena emvakwa loko yeshisa umuzi wakhe. Kwathi indodana yekhe uMawaga ukubona ukuthi uyise? yemuka kwangwane, waye wakha enhla noMzinyathi. Wabuye wemuka lapho wayokwaka kwelabeSuthu ngaphesheya kweGwa. Wayesehlangana nama-Zizi. AmaZizi abakwa Dlamini abasala ku Mathiwane uma esehlulwe uTshaka. Kwathi ukuba abeke eKoloni ababe besamulandela uMathiwane basala. uZizi kwakuyi nduna enkulu yempi, kodwa kwahamba ~~ku~~ yabuye yahlaphuka inkosi yayo. Yayinesifunda e isikhulu lenduna. Kwathi ukuba yehlukane noMathiwane yakha ngaphesheya kwe Gwa. Kwathi isizwe sayo saziqizangokuthi AmaZizi.
58. Yenaka uZizi wayezalwa uLanga. Kuthena ukwahlukana kwa60 bazidukisa impela bebalekela uMathiwane.

- Wase uyakhonza kubona uMwaga. Wakhonza kuyinzalo ka Ndlovu no Mavu abafowabo baka Zizi. Nabo babuye bamhlu6uka umfowabo uZizi bemuka kuyena beza emthonjeni woMzinyathi. Kwathi ngokudibana namaHlu6i babuye baphindela eGwa. Abamange besaya kumfowabo uZizi bazakhela, baziqiza ngokuthi banga maPulane. Kuthena ukuba uMwaga ahlange nabo, wase uya6ahlasela uMswazi. Kwaliwa izimpi ezincane, ngo6a amaPulane kwakuyisizwe esincane noma sasihlangene no Mwaga njena. Wadla izinkomo eziningi
59. uMswazi kulezizizwe. Uthena ukuba abehlule uMswazi amaPulane ehlukana kaningi, amaningi aphindela kuyena uMswazi. Kwathi uMwaga wemuka waya emthonjeni wo Tukela. Phela uNdlamhla uyise mkhulu waye yinduna ka Mathiwane enkulu. Kwathi nokufika kwakhe kwaZulu uyena ayehamba naye. Wamushiyakhona. Wabaleka kanye no Gudu kwazulu. Uthena ukuba akhe isikhashana abeSuthu

s780

Gamazingela njalo, bantshontsha izinkomo zakhe. Kwavama uku6a alwe izimpi ozincane nabo. Ukumuka kwakhe ku maPulane wahamba namanye. Kulapha athola khona uMwaga uku6usa kancane noku6a isizwe sakhe sande si6esikhulu kunakuqala. wathola nezinkomo.

60. 7 AmaVilakazi.

Lesizwe esesinye yezizwe ezazizimele. Sasakhe emnceleni wakwa Zulu nase Swazini. Inkosi yaso kwakuwu Binda. Sasekhe o6onjeni. Kwathi uku6a uSigunyane umfowa6o ka Senzangakhona azabane nomfowa6o, wase uyemuka kwaZulu waya esizweni sakwa-Ethethwa nakhona wa6uye wemukha waya O6onjeni kuma Vilakazi. Kwathi uku6a afike khona wa6ulala inkosi yama Vilakazi uBinda. Aka6onaze elwa impinayo, wayinyonyo6ela, ngo6a kwakuwu ~~na~~ muntu izwana naye. A6anye bathi wayidlisa yase iyafa wathatha u6ukhosi 6ayo. Umntwana wayo owayefanele uku6a yinkosi wayesemncane.

U6ukhosi 6amaVilakazi wa6uphoqa ngenkani uSigunyane. Kwathi
61. esathi uya6usa ama6ulala amaVilakazi. Kwathi uku6ona induna yamaVilakazi ukuthi umntwana wenkosi usekhulile uMphephetho, yamganisela inkosi intombazane enhle impela uNozililo. Kanti uyena ozobulala uSigunyane. Wamudlisa umuthi wafaka njalo uSigunyane. Kwathi esegulela ukufa wa6iza indodana yakhe wayitshena ukuthi u6ulawe uNozililo, ~~Kankixyana~~ yasuka indodana ka Sigunyane yama6ulala uNozililo. Wa6onga uyise. Wayitshena indodana yakhe ukuthi uma isaphila ingakafi ayophindisa lesisenzo i6ulale amaVilakazi. Yala mukela izwi lika yise indodana yakhe.

62. Kwase kubusa yena uMphephetho indodana ka Sigunyane ya6aleka. Igama layo kwakuwu Galaza. Uthena e6usa uMphephetho uTshaka wathuma umbopho uku6a ayobona ukuthi unabantu abangakhi, nezinkomo ~~x~~ ezingakhanani. Ne6ala wahamba uMbopho. Phela uMbopho wamuthatha khona umfazi wakhe uMakhopha oyena azala uNada (Nada the Lily) okukhulunywa ngaye encwadini ka Huggard.

Kuthena uku6a afe uyise wa6aleka uGalaza kwaVilakazi

Lenkosi yayifuyile impela ina6antu abaningi futhi kwathi uku6a uMbopho amuhambise umkakhe, amuse ezweni laku6o, njengo6a

63. yena wayeswelelwe umhlola ekhaya, uAnandi wayesegula ephethwe

s780

imimoya emibi esekwazi ukusho izinto eziyimfihlo. Waye fihle umntaka Tshaka uMhlophekazi ozalwa udadewabo ka Mbopho u Baleka. Kwase kuzwakele ku Tshaka ukuthi unina nomkakhe uBaleka kukhona abakwenzayo kwa Mbopho bayanyonyoba bayekhona, kunomtwana abafike bamuthathe bamange. Nebala wahamba uMakhopha, naye umntaka Tshaka, no Nada.

Uthena ukukhula uNada wakhalisa wonke amakhosi. uDingana wafuna ukumuthatha kube enye yamakhosikazi akhe. Kwathi ngokubona loku uMbopho wahamba waya ku Mhlophekazi ngoba ibubesi
64. alizange limbulale. Kwabuye kwezwakala ukuthi uyinkosi. Wamutshena uMbopho ukuthi kuhle kube uyena oyokulwa nama Vilakazi ayibuyisele lentombi eyithandayo ukuze ingamhlaseli. Kwase kuzwakele ukuthi, uMhlophekazi uyinkosi yesizwe esikhulu. Pho uDingana waseke wafuna ukumhlasela kwenqaba uMbopho ukuthi akukabe yisona isikhathi sokuhlasela lesi. Kwaku nezinsuku ezizilwayo, impi eyayingaphumi ngazo.

Wavuma uMhlophekazi wayesebiza uGaleza ukuaba balende uNada bamlandele uDingana, nezinkomo. Nebala yahloma impi yama yezembe Mbazo. Kwathi ukufika kwayo kuma Vilakazi ayihlangabeza. Impi
65. ka Mhlophekazi yayizigaba ezinhlanu. Kwathi eyama Vilakazi yaba izigaba ezilishumi. Yathi ukufika yama entatshananeni neyama Vilakazi yama ngakwenye intaba phakathi kwezimpi kwakukhona isihosho nomfundlana. Kwathi ebusuku impi ndawo zombili yasho amahubo kwathi ukuthatha kokusa yavuka yathintitha izihlanguzayo. Yezwakala eyama Vilakazi. Isima ngezigaba zayo ngamautho ngama utho. Kuthe kunjalo kwaBonakala uMphetho, ebuza ethi, "Ziphi izinja zama Zulu na?" Amautho athi, "naziya, naziya" "Zimile kazizi, phosomalapha lizilishone na, sizengugena?" Amautho athi "asibasukale, asibasukele" Yayisimemeza inkosi libiza uDunguza
66. induna yokhandapemvu. "Yathi welani," gama, yabalungisa induna. Yathi, "Mqothe imbokode nesisekela ma Vila, mngabuyi" Yawela impi yabonakala neyakhe u Mhlophekazi iphuma. Akuphumanga yena uMhlophekazi kwaqale kwaphuma eka Galaza induna enkulu ka Mhlophekazi. Kwathi kunjalo, yahlanga beza impi emfundlaneni, xa

s780

yafika yawela eyama Vilakazi. Yadumelana kwashisaphansi, yaswayana akwabonakala eyiyona ihlehlisa enye. Kwawa izinsizwa ndawo zombili. Kuthe ngelikade yahlehla eka Galaza kwathi dukuduku yabaleka eka Galaza.

Kwathi muva yathi inkosi akuphume unokhenke no bejane. Aphuma lamautho ehlukana. Ashiya isikhala bakathi, athi uma
67. isihlangene kwayikhona ehlangana. Kwathi kunjalo zawa izinsizwa zenkosi. uMphephetho ziwiswa uMhlophekazi. Pho ama Vilakazi isizwe asinamandla noma sisincane njena yalwa aphelela lapho amautho Obejane no Nokhenke akusalanga no6a munye. Ayimange isama ixosha ama Vilakazi. Athena uku6ona umgede ukuthi ususeduze ama Akamange asayiphaka ngeziga6a zayo uMphephethe ya6amba yonke kanye kanye. Kulaphe yona kala khona impi yenkosi. Kwathi uku6a idumelane wemuka nayo uMhlophekazi yehlulwa eyama Vilakazi yangena emgedeni eyama Vilakazi.

68. 8 UMhlophekazi no Mphephetho emgedeni

Kwathi uku6a amaVilakazi angene emgedeni, kwanzima impela ukulandela. Kwathi izinsizwa ezimbili ku Mhlophekazi zangena zilandelana. Kodwa zafa zombili. Intu6a yayi incane yokungena yanele umuntu a6emunye. Kwathi ngakusasa ese6ona ukuthi abantu 6akhe 6ayafa indlala futhi nezinkomo amaVilakazi angene nazo emgedeni. Wa6abuza abantu 6akhe ukuthi u6ani ongangena futhi na? Mhlawumbe ama Vilakazi asemukele awasagadile umgede. Kwalthuni ukucela ngisho oyedwa. Kwathi umzuzwana kwavela uNsululu. Wangena kuthena 6ezwa, 6ezwa sekuliwa, nalapha esefa
69. 6amuzwa. Kwathi uku6a ezweloku uMhlophekazi. Wathi kungaze kuphele abantu 6akhe 6odwa kuhle kuqale yena kuqala manjena. Wathi uma ngifile nokwenza uGalaza inkosi yenu uma ngingenile umzuzwana nezwa ngilwa ningelandele. Washo wayesengena.

Umgede lona umuntu engena ahambise imikhonto yakhe phambili aholeke ngesisu aze ayophumela khona emgedeni. Unjengomgodi. Ngaphakathi kumnyama kodwa kwezinye izindawo zawo kuya khanya.

Kuthena ephakathi kwezwakala ukulwa, walandela uGalaza. Kuthena emva kwakhe 6alandela 6onke kwaliwa enkulu impi lapho.

s780

70. Ukungena kuka Mhlophekazi wahlangana nesidumbu somuntu ofile, kwase kuvalwa ngaye umgede. Uthe ukufika kuyena wasunduza yena phezulu yena wangaphansi kwakhe. Agalela ama Vilakazi kodwa ehla6a lona ofile. Kwaku mnyama kuthena 6ethuka walwa na6o uMhlophekazi. Kwazisa ukuthi 6a6ili kuphela a6avimbile emgodini. A6aningi 6a6esayokudla, kuhlatshwe izinkomo khona lapho emgedeni. Kuthena ngokubulala oyedwa umuntu uMhlophekazi, wa6aleka lona omunye. Kwa6a yithu6a elihle lokungene kwempi ka Mhlophekazi Kwathi ingangena yonke impi wa6ahola uGalaza ngo6a uyawazi umgede.
71. Wa6ahola waye wa6akhombisa lapho izinkomo zifihlwa khona. Lapho kwakusezihosheni sekukhanya nelanga. Kwathi 6ethi 6ayi 6ona impi yama Vilakazi. Lapho, lapho, ama Vilakazi alwela ukuphela. Kwathi se6ephela impela a6antu 6aka Mhlophekazi, ngenhlanhla yawa inkosi yama Vilakazi. Kuthe uma a6one loku a6aleka ama Vilakazi. 6ayilandela se6efuna uNada 6aye 6amuthola khona emgedeni.

- Kwathi uku6a uMhlophekazi am6one waja6ula. Kwafumaniseka ukuthi uNada wayengasamazi. Kwathi uku6a 6athole ukuhla6a izinkomo 6adla 6emuka nazo, naye uNada kodwa ehamba ekhala engafuni. Kwa6a ukwehlulwa kwawo ama Vilakazi. Nayoke inkosi yama Vilakazi yafela lapho. Kwathi indodana ka Mphephetho uNdlamhla6a ya6aleka yaye yatholana no Mathiwane inkosi yama Ngwane phezuko Phongolo. Kuthena ukufika na6antu a6aningi u Ndlamhla6a wamenza induna yakhe uMathiwane.

Izi6ongo zika Mphephetho.

uMphephethi wenduku za6afo,
 Umalala eguquka,
 Inyoni edlayodwa iyesa6eka,
 Umbomboshe o6omvu,
 Kanti a6anye 6emnyama.
 uMziqomela, njengesilwane.
 Unqamula a6antu amaqambi.
 Wanqamula impi ka Zulu
 Wanqamula impi ka Mhlophekazi
 Udlula 6embekile, maVila.

73.

Uzalukazi ziyambaaba,
 Amaxhegu asale odwana.
 Umzizima omnyama, kanti umphofu.
 Uphume mva iziqu zemithi zasha.
 Izulu eliduma phezu Obonjeni.
 Izulu eliduma kwamaBili
 Kwasha izihlahla, zoma.
 Ugweje obomvu ngiyamesaba,
 Onjengentolwane oka Binda.
 Imamba ebamba inamathele,
 Yinyusa amahlombe,
 Inhlambi yamaduna,
 Intonga yethusi, elimhlophe.
 Wena wesilo,
 UdaBulamanzi
 WadaBula kwa Mthethwa,
 Wabashiya bethetha amacala,
 Inkwenkwezi ephume izilwane zaBikelana,
 KuBikelene ikwezi nesilimela.
 Gijimani ngazo zonke izindlela,
 Niyobikela uNdumali no Khotha,
 Nithi izulu liyahwalala,
 Nithi izulu linamafu,
 Izulu seliyana.
 Umadela, wadela izinkomo,
 Izinkomo zikayise,
 Wazinika amadoda;
 Wathi kawayomhlabanela;
 Wathi ziyisihlangu sokuphephela;
 Vila! Vila! kuBomvu enzansi.
 Usima yedwa njengelanga,
 Lona lima lodwa ezulwini;
 Usanda sithebeni, enganakwe muntu.
 Ingonyama, Vezi nonyanda,

74.

KuBikelene ikwezi nesilimela.
 Gijimani ngazo zonke izindlela,
 Niyobikela uNdumali no Khotha,
 Nithi izulu liyahwalala,
 Nithi izulu linamafu,
 Izulu seliyana.
 Umadela, wadela izinkomo,
 Izinkomo zikayise,
 Wazinika amadoda;
 Wathi kawayomhlabanela;
 Wathi ziyisihlangu sokuphephela;
 Vila! Vila! kuBomvu enzansi.
 Usima yedwa njengelanga,
 Lona lima lodwa ezulwini;
 Usanda sithebeni, enganakwe muntu.
 Ingonyama, Vezi nonyanda,

Uvula izindlela ezincane nezikulu kwasha izizi6a.
 Wadla umhlana ebeletha igudu awengonyama,
 Izulu laduma emaweni, O6onjeni
 Vila lizwakhele.

75.

9 uMswazi noZulu

Kwathi ngokuhamba kweminyaka uMswazi wahlasela uZulu uqobo lwakhe. Isizwe sika Mswazi sasesandile ngaleminyaka. Kwathi induna enkulu uMalunge no Mpikheleli, ngoku6ona isizwe sakwa Zulu ukuthi siyingozi, sebecamanga ukuthi nama Swazi asengalwa noZulu. Ngaphambi kokukhipha impi inkosi yabiza umhlangano omkhulu wama Ngwane. Yawazisa ama6ut6o ukuthi ifuna ukuhlasela kwaZulu, kwathi u6a ezweloku ama Ngwane awavuma amanye avuma. Kuthe uma sebefuna ukuxabana yathi inkosi, "mina nkosi yenu ngifuna sihlasele kwa Zulu. Ongavumi akavele sizwe ukuthi, walelani na?" Avumelana amaSwazi.

76.

Kwathi ingalwa impi ohlulwe uMswazi, kwa6uye kwavela wona um6ango kuma Swazi. Amanye athi sasinitshena ukuthi akangahlaselwa uZulu. Manjena, nasukela imamba izihlalele emgodini. 6avungaza impela 6afuna ukumuka kwa Ngwane. Kwathi izinduna oMalunge noMphikheleli 6aya kuyona inkosi, 6athi uma sekunjena kuhle inkosi ifune amanye amasu okwenza uxolo kwa Ngwane ixolise noZulu uku6a angahlaseli kwa Ngwane. Ngo6a uZulu useyoqothula sonke nezinkomo zethu zimuke zonke sife yindlala nezingane zethu.

6athi sithi thina kuhle siqinise u6uhlo6o no Somsewu ka Sorzica.

Umhlophe wakithi ethawini,
 eMgungundlovu ondonga zi6omvu,
 Ondle6e zikhanya ilanga,
 Owafika nemkumbi embili
 Ohlamba izandla zomeli emadodeni,
 Zomela ku ngoza ka Luda6a;
 Zomela ku Mfulathelwa ka Luda6a,
 Zomela ku Teteleku umnta ka No6anda
 Zomela ku Zatshuke umnta ka Mbeswa.

77.

/Yathi.....

Yathi ukukuzwa loku inkosi yavuma. Ya buza ukuthi singabu-
qinisa ngaluphi uhloco na? Waphendula uMalinge, wathi thina
sibona ukuthi kuhle ibeke kuwo amakhosazane ayo enhle, iyogani
selwa uSomsewu. Yavuma inkosi, yathi, "kodwa singazi noma
kungalunga yini ngo ba umlungu aka bafuni a bafazi a baningi ufuna
munye, futhi usenayo, usenabantwana futhi." Zithi izinduna,
"Angomale umntanakho nkosi, uyomuganisela noma induna yakhe,
phoke naloku kusalungile futhi." Ya co isivuma inkosi. uSomsewu
78. wayese Mgungundlovu. Kwathi ngokuvumelana, uMswazi wayese khipha
amanxusa. Wawatshena ukuthi inkosi ithanda ukwendisela ama Ngisi
indodakazi yakhe. Amanxusa ahamba ngeyase Majuba indlela.
Ayengenaku nqamula kwa Zulu ngo ba kwakuliwa nawo AmaZulu.

Kwathi ngokufika kwamaxusa eMgungundlovu ayesewethula
um biko ezengawo ku Somsewu. Waqale wethuka impela ukuzwa
lenda ba uSomsewu. Walandula wathi, "Lokumina nginayo inkosikazi
senginezingane futhi u uGebuza no Mhlakuvana noMmango kungabe
kusalunga." Kwathi ngakusasa wa buye wacamanga, wamemukela,
wayesemnika induna yakhe ngo ba yona yayibathanda a bafazi
a baningi. Wa bonga impela, wa ja bula, wa bapha impahla ening i enhle.
79. Wathumela ku Mpande, inkosi yakwa Zulu, ecela indlela enqamula
ka Zulu, ecelela amanxusa ka Mswazi. Wam bikelela konke Okwenziwe
ama Swazi. Wacela indlela ehamba ko Sirayo ngase Nauthu. Wathi
uZulu angethuki, futhi angalwi nalamanxusa.

Kwabanjalo ke, kwaphuma izinqola zithwele impahla ening i
noSirayo wam bikelela uMpande ukuze angethuki. AmaZulu a baphatha
kahle a bapha ukudla a bahlabela nezinkomo; ba wanika nezindawo
zokulala; ba wakhombisa nendawo amazibukho kwakuhle impela.

Igama lenkosazane yenkosi kwakuwu Tifokathi. Yayingahambi
yodwa. Yayihamba namantombazane amaningi njengo ba kuwumkhuba
wesizwe sakithi a banisundu. uSomsewu kamulobo langa uTifokathi.
80. Phela waye empiweyena. Kuthena uku ba afike uTifokathi
wayesemnika induna yakhe uNgoza ka Luda ba ya ja bula induna kakhulu
impela. Wazala uTifokathi isizwe sa bantwana onanamhlanjena,
insalo yakhe isekhona.

s780

80
Cont.

Kodwa uNgoza wayengamuthandi uTifokathi wayethanda enye intombazane ezincekwini zika Tifokathi uSikutana. Kwathi uku^{ba} akuzwe loku uMswazi wathukuthela wase uyamu^{bulala} uSamukedi ngo^{ba} umntanake enyundela uTifokathi enkosini induna ka Somsewu. Wa^{bulala} wonke umuzi ka Samukedi akwasala lutho.

Kuthena kunjalo wase uyafa uMswazi. uMpande wayesethumela amanxusa ku Somsewu, efuna ukukhalela amaSwazi

END. 780.